

**INKULUMO KAMPHATHISWA WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA**  
**NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNIZ WILLIES**  
**MCHUNU ENKONZWE NI YESIKHUMBUZO SABEBEFESELA UKUBA**  
**NGAMAPHOYISA OMGWAQO EMGUNGUNDLOVU MHLAKA 09 JANUARY 2013**

Mphathi woHlelo.

UNdunankulu wesifundazwe, Dkt Zweli Mkhize

AmaLungu esiShayamthetho sakwaZulu-Natal;

IMeya yesiFunda saseMgungundlovu

IMeya kamasipala waseMsunduzi

Zonke iziMeya ezikhona

Amakhansela

Abefundisi abakhona

Abamele izinyunyana zabasebenzi

Amakhosi kanye nezakhiwo zobuholi bomdabu

Imindeni nezihlobo zabo bonke labo abasishiyile.

Ngokukhulu ukuzehlisa nokuzithoba, masiqale ngokubonga egameni likaHulumeni wesifundazwe saKwaZulu-Natal, oholwa nguNdunankulu uDkt Zweli Mkhize, ukuba Sithole leli thuba lokuhlanganyela ndawonye nani kule nkondo yesikhumbuzo sezingane ezisishiye kabuhlungu nangokukhulu ukuzuma.

Sibonga ikakhulu emindenini evumile ukuba kuhlelwe le nkondo ngokuhlanganyela.

Lokho nje kukodwa kukhomba ukuthi niyaqonda ukuthi isehlo esehlile, sishaye

sazwela kuthina sonke.

Okumqoka ngokuvuma kwenu njengemindeni ukuthi sibe ndawonye, wukuthi sihlanganye, sikhalisane, nathi sikwazi ukuzobhongela emswanini ngomshophi osehlele.

Siyabonga futhi nasempakathini ophumelele ukuzozimazisa imindeni nokukhombisa ukuthi njengabantu, kuyisiko-mpilo lethu ukuthi ezikhathini ezinjena sikhalisane ndawonye, sikhombise ukuthi ubuhlungu bomunye ubuhlungu bethu sonke, sibe munye sibambane ngezandla, sihlanganye ndawonye siduduzane.

Lokhu kukodwa nje kusho Ubuntu – phela umuntu ngumuntu ngabantu. Kukhulu kabi kwabashonelwe ukuthi niphume ngobuningi benu ukuzobaduduza nokubanika ithemba.

NjengoHulumeni sibone kunesidingo esikhulu futhi esiphuthumayo sokuba ibekhona le nkonzo ukuze sonke ngasohlangothini lwethu nasohlangothini lwemindeni nomphakathi sikhuze umhlola osehlele.

Lokhu sikubiza ngomshophi ngoba nathi izinhloso zethu njengoMnyango zabe zizinhle, kuyilezo zokuvulela intsha yakithi amathuba okuqasheka, ithole amathuba omsebenzi angcono.

Sikhuza umhlola ngoba emlandweni akukaze kwenzeke inhlekelele enjengalena kulesifundazwe futhi nasezweni lonke.

Umhlola wokuthi abantu baphume emakhaya beyofuna umsebenzi kodwa kuphethe sekukhulunywa izindaba ezibuhlungu zokuthi abasekho emhlabeni, yinto engakholakali futhi ubuhlungu bayo obungelinganiswe nalutho.

Kumqoka ukuba ngiwubeke umlando omncane ngokwenzeka ngoba kuningi okukhulunywayo nokubikwayo ngalolu daba.

Eminyakeni emithathu edlule sathatha isinqumo sokukumisa ukuqasha emNyangweni ngoba senzela ukubuyekeza nokuhlela kabusha isimo sabasebenzi (Organizational review).

Lolu hlelo uma ulwenza awukwazi ukuthi ube uqasha ngoba lusuke lubheka nendlela abasebenzi abahleleke ngayo.

Lolu hlelo siluphuthulile ngonyaka odlule sabe sesivumelana ngokuthi kumele kuqale kuqashwe. Savumelana ngokuthi akuqale kuqashwe kuleyo misebenzi emqoka kakhulu nephuthumayo.

Phakathi kwayo savumelana ukuthi ukuqashwa kwamaphoyisa omgwaqo ngaphansi kophiko lwethu lwe-Road Traffic Inspectorate (RTI) kumqoka ngoba sifuna ukuqinisa umkhankaso wokulwisana nobelelesi emgwaqeni.

Ngaphansi kwalolu phiko kunemisebenzi eminingi nezikhala ebezingavaliwe. Kwabe sekuvunyelwana ngokuthi akuqalwe ngalo-90 wokuqala.

Yiwo lo okube sekuvunyelwana ngokuthi uqale ugqwaliswe. Uma kuqashwa emaphoyiseni kuyinqubo ukuthi labo abafake izicelo bahlolwe isimo somzimba ukuthi ukulungele yini ukumelana nezimo ezinzima.

Yingakho ngo-27kuya ku-28 December 2012 kwasingathwa lolu hlelo laphaya e-Harry Gwala Stadium, ukuze labo labo okutholakale ukuthi bawufanele lo msebenzi ngokuba nezidingo ezifanele ngokwemfundo nesimo sempilo esifanele banikwe ithuba.

Ngawuthola umbiko wokuthi kwabe kugijinywa ibanga elingamakhilomitha amane futhi ilanga labe likhipha umkhovu etsheni.

Ngashaqeka uma sengizwa kuthiwa kukhona abantu abasishiyile emhlabeni ngemuva kokuba yingxenye yalokhu kuhlolwa.

Ngabe sengibiza umhlangano ophuthumayo wethimba lomNyango okuyilona elabe libhekene nalo msebenzi wokuqasha laba abazoqeqeshelwa ukuba ngamaphoyisa omgwaqo.

Miningi imibuzo nami engayibuza futhi ziningi izinto engaphakamisa ukuthi bazibheke bese bengenzela umbiko ochazayo ukuthi ngempela kwenzakaleni.

Phakathi kwakho kubalwa ukuhlinzekwa kwababegijima ngamanzi, ukwaziswa kwabosizo lokuqala, yibanga elabe ligijinywa, nokunye okuningi okumanje kuyingxenye yophenyo ngale nhlekelele.

Lo mbiko sengiwutholile futhi ngawethula kuNdunankulu ukuze naye abheke ukuthi yini okumele yenziwe ukusuka manje kuya phambili ukuze kutholakale isiphetho kulolu daba futhi kuvaleke lesi sahluko esimbi kangaka esivulekile.

Ngiyafisa ukubonga emindenini yonke ukuthi yize imimoya ibisalokhu iphezulu kodwa ikwazi ukuthi isinike ithuba sixoxisane nayo ngoba konke okwenzeka akekho owayekuhlosile.

Sikwazile nokubambisana njengoba eminingi imindenini ibingcwaba ngempelasonto.

Kukho konke lokhu ziningi izinselelo ezibe khona kodwa siyabonga ukuthi konke sikwenze ngokubambisana futhi asiwavalile amasango emindenini ukuthi isithinte kuboniswanwe uma kunezinto ezikhona ezidinga ukuthi kuxoxiswane ngazo.

Ngiphinde ngakhipha amathimba ukuthi ayongikhalisa futhi akhalise noHulumeni wonke ngesikhathi kufihlwa ngoba bengingakwazi ukuthi mina mathupha ngifinyelele kuyona yonke imingcwabo ngesikhathi esisodwa.

Siyazi-ke ukuthi thina ngoba singabantu, siyaduduzana njengoba sisho nalapha ukuthi sihlangele ukuzothobana amanxeba. Kodwa kunina mindeni kunzima kakhulu ngoba kufana nokuthi kuxebuke inyama uqobo. Yingakho sikwamukela ukuthi abanye benu bakuthola kunzima ukumelana nalolu daba.

NjengoHulumeni-ke simelwe umNyango wezokuThutha, phakathi kwezinto esibhekele ukuzenza ngukuqinisekisa ukuphepha kwabantu emigwaqeni yethu. Lokhu kubandakanya ukuqiniswa kokugcinwa komthetho, okwenziwa ngamaphoyisa omgwaqo.

Ayikho-ke indawo lapho izinselelo zingabi khona uma kusetshenzwa. Kodwa okusemqoka ukuthi ezokuphepha ziye phambili, kwande amathuba emisebenzi, kuphele ububha. Kumanje iqembu elibusayo liholwa uMongameli uMsholazi selibeke ubuphofu, ukukuntuleka kwemisebenzi nokungalingani kanye, ikakhulukazi entsheni, njengezinselelo ezinkulu uHulumeni afuna ukubhekana nazo ngqo.

Yingakho nezingane esezithule manje beziphansi phezulu, zisabela ekhweleni ebelenziwe, kodwa uSathane ezama ukuzenza iNkosi ebe engeyiyo, asishiya amathemba ethu.

Akekho-ke umuntu ongashiya kubo ngezikhathi zokujabula aye kofesa uma singekho isidingo. Lokhu kusho ukuthi lezi zingane beziwudinga umsebenzi futhi zizimisele ngokuthi ziphucule izimpilo zazo kanye nezemindeni yazo.

Nokho kumqoka ukuba sikusho ukuthi esikhathini esifana nalesi, akumele sikhombane ngeminwe ngoba into efana nalena kusuke kungumshophi. Yebo uma kwehle umshophi iba miningi imibuzo kodwa kumqoka ukuba silinde uphenyo luchaze phela ukuthi kuphi lapho konakale khona noma ngubani obe nephutha bese ethathelwa izinyathelo.

Nalaba bezombusazwe asebephendule le nhlekelele ibhola lezombusazwe, asikholwa wukuthi ngempela kumele ngabe lolu daba lusingathwa ukufeza izinhloso zezombusazwe.

Yisehlo lesi esisishiye sonke sisangene amakhanda ngakho siyanxusa ukuthi lolu daba lusingathwe ngendlela efanele, enesizotha nenhlonipho.

Sekusukile ezandleni zami ukuthi ngisho ukuthi umNyango ube nobudedengu noma cha emsebenzini woku-recruiter amaphoyisa amasha ka-RTI wesifundazwe sethu ngoba lokho sekuwumsebenzi wophenyo okumele lwethulwe kuNdunankulu kwiSishayamthetho.

Kodwa enginganitshela kona ukuthi ukuhamba kwabantwana bethu ngalendlela kuyakufakazela okushiwo iqembu elibusayo le-ANC ngaphansi kukaNxamalala ukuthi izinselelo zobubha, ukuntuleka kwemisebenzi kanye nokungalingani kwabantu ngokwezinga lempilo nomnotho sekusezingeni eliphezulu, futhi isikhathi sokuba kubhekwane ngqo nale nselelo yiso lesi esikusona manje.

Asinanazi ngalokho, sikuqonda kahle kamhlophe, yingakho i-ANC ithe uma ibuya kwinkomfa eqoke kabusha uMsholuzi ukuthi aphinde futhi abe nguMongameli wethu, yabuya nomfutho omusha ekutheni lezi nselelo ezintathu esezaziwa ngama- triple challenges, sibhekane nazo ngqo-ke manje.

Cabanga nje izikhala ezingakhangiswanga ngisho emaphephandabeni, kodwa kugcine kunezicelo ezibalelwa ku-150 000, kuthi noma sekuhlungwa ngokwemfundo kugcine kunabantu abangu-40 700.

Akuzothi-ke ngoba sekwenzeke okwenzekile bese sidikibala njengoHulumeni. Uma kukhona okufanele kulungiswe kumele kwenzekile noma kanjani ukuze singaphinde futhi sihlangani ngale ndlela ngenxa yezizathu ezifanayo.

Thina njengomNyango kuyimpilo yethu ukuhlanganyela nemindeni esemanzini uma kube nezingozi emgwaqeni. Kodwa akuzokuba yimpilo yethu ukuhlangana ngenxa yezizathu ezisihlanganisile namhlanje.

Esingakusho nje ukuthi kuyinselelo yethu ukuba senze kangcono kulo mshikashika wokubhekana nenselelo yokulwa nokuntuleka kwemisebenzi, ububha kanye nokungalingani kwabantu baseNingizimu Afrika.

Njengoba sengike ngasho phambilini, kuningi-ke osekukhulunyiwe kusukela kwehle lesi gameko. Kube yisigameko esenza izihloko zezindaba emaphephandabeni, emisakazweni nakomabonakude nakwezinye izinkundla zokuxhumana lapho abantu bebephawula khona bebuza imibuzo abanye bephendula.

Esimweni esifana nalesi, yigunya likaNdunakulu ukuba athathe isinqumo ngohlobo lophenyo okumele lwenziwe, okuyilona oluzokwethulelwa imindeni nomphakathi wonke.

Ngakho-ke kumele sibaxuse abantu bakithi ukuba basibekezelele ngoba kunemigudu elandelwayo okudlulwa kuyona uma kunezimo ezinjengalezi.

Masinxuse-ke futhi abantu bakithi, ikakhulukazi nayo imindeni esihlangene ngayo lapha, ukuba iqhubeke nalokhu obekuyisifiso sezingane zabo, ngisho phela ukuqinisekisa ukuphepha nokugcinwa komthetho emigwaqeni yethu.

Vele isifiso sabasishiyile bekuwukusebenza ngezokuphepha emgwaqeni. Njengoba sisemshikashikeni wokulwa nezingozi zomgwaqo, besifisa ukuthi kungabikhona noyedwa umuntu oqhelela kude manje. Noma uyiphoyisa noma awulona, noma usebenza emNyangweni wezokuThutha noma awusebenzi khona, sonke masenze umehluko ekwehliseni izinga lezingozi.

Izibalo ziyethusa, bheka nje ngoba kulesi sikhathi samaholidi kushone abantu abangaphezulu kuka-208 ezingozini ezingaphezulu kuka-190 ezenzeke emigwaqeni yesifundazwe.

Mangiphinde ngithi siyabonga ngokuthola leli thuba namhlanje ukuthi kesikhulume ngalolu daba yize lubuhlungu kangaka.

**Ngithatha leli thuba ngithi egameni likaHulumeni waKwaZulu-Natal, nakuba kunzima kodwa sithi dudu emindenini:**

- 1. kaLindokuhle Kunene obeneminyaka engu-32 ubudala;**
- 2. Bongiwe Gladness Mbatha osishiye ena-29 ubudala.**
- 3. Sibonakaliso Mhlanga obeseminyaka engu-30 ubudala.**
- 4. Emmanuel Xolani Gumede obeneminyaka engu-29.**
- 5. Anele Ngcobo obeneminyaka ka ewu- 22.**
- 6. Ntuthuko Sibisi osishiye eseminyaka engu-28 ubudala,**

**7. Lungile Wambi obeseneminyaka engu-30 ubudala.**

**8. Lenny Alson Nxumalo yena obeseneminyaka ewu 28**

Siyabonga nakubo bonke ababambe iqhaza ngezindlela ezahlukene ukuba lusingatheke ngendlela enesizotha nenhlonipho lolu daba. Nakulabo ebebelokhu besithumelela amazwi okweseka imindeni nomNyango kulesi sikhathi esinzima siyabonga kakhulu.

Masethembe ukuthi iNkosi izosigcina siphephile ezingozini zomgwaqo nakuko konke okubeka izimpilo zethu engcupheni kusuka manje size siwuphethe futhi lo nyaka ka-2013.

**Ngiyabonga.**